**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA AMABHRIJI AMATHATHU EMSINGA MHLAKA 18 FEBRUARY 2014.**

Mphathi wohlelo;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Amalungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu waseMsinga, Cllr Skhakhane;
IMeya yoMkhandlu waseMzinyathi, Cllr Mthethwa
Wonke amakhansela;
Izinduna nabamele imikhandlu yamakhosi;
Ubuholi bemboni yezokuthutha umphakathi;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi njengoHulumeni walapha KwaZulu-Natal sikwazile ukuthola ithuba lokuhlanganyela nani mphakathi walapha eMsinga – sizokhuluma izindaba ezimnandi, zentuthuko.

Okuhle kakhulu wukuthi asikhulumi nje ngentuthuko efuniselwayo kodwa sikhuluma ngentuthuko ebonwa ngamehlo futhi abantu baseMsinga abayithinta ngezandla zabo.

Makhosi aseNdlunkulu, ukuza kwethu lapha namuhla kuyingxenye yokubungaza kukaHulumeni ekanye nabantu, iminyaka engamashumi amabili kwazuzwa inqubo yentando yabantu kanye neNkululeko.

Ngale ngqophamlando yeminyaka esiyibungazayo ngoba sibona umehluko omkhulu owenziwe ezimpilweni zabantu, ikakhulukazi imiphakathi yabantu abamnyama eyabe icindezelwe phambilini.

Njengoba eshilo uMengameli wezwe, uJacob Gedleyi'hlekisa Zuma ngesikhathi ethula inkulumo yakhe ayibhekise esizweni (State of the Nation Address) – impilo isishintshe kakhulu kunangaphambi kuka-1994.

Thina lapha KwaZulu-Natal nalapha eMsinga, kumele ukuthi sivumelane kakhulu noMsholozi ngoba kule minyaka edlule sibone izinguquko ezinkulu nesabe singakholwa ukuthi ziyokwenzeka sisaphila.

Abantu basemakhaya ngaphansi kwaloHulumeni oholwa yi-ANC sebakhelwe izindlu, bakhelwa imitholampilo, bakhelwa izikole, bahlinzekwa ngamanzi ahlanzekile, bahlinzekwa ngogesi futhi bathola imigwaqo eyitiyela. Lo mehluko ongaka uhambisana nokudaleka kwamathuba emisebenzi nokuthuthukiswa kwentsha ngamakhono.

Ukugubha kwethu le minyaka engu-20 kwazuzwa inkululeko, kungenxa yokuthi uBaba uNelson Mandela, naloHulumeni bathatha isinqumo sokuthi abantu bahlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuze ingabi bikho ingane elala ingadlile.

Iyafakaza nengoma kaThokozani Langa – ukuthi uma ingaphela le mali eminye imizi iyovalwa – ngakho kumele simbonge uHulumeni.

Ngaphansi kwalo Hulumeni, ezweni lonke izingane ezingu-8 million zifunda mahhala futhi azikhokhi ngisho isenti ngoba imfundo iyona ephambili. Kulezi zingane iningi lazo elasezindaweni zasemakhaya njengakhona la eMsinga.

Ezweni lonke, izingane ezingu-9 million zithola ukudla okunempilo ezikoleni ngoba uHulumeni uyaqonda ukuthi imindeni ngokuhlukana kwayo ibhekene nosizi olungalingani.

Lokhu ngikubalulula ngoba kumqoka ukuthi ngithi ngigxila kwingqikithi yalokhu esize ngakho la eMsinga kodwa siqonde ukuthi ukufika kwethu lapha, kuhambisana nomsebenzi omkhulu uHulumeni owenzile kule minyaka edlule, ukushintsha izimpilo zabantu.

Lo msebenzi awumile sisaqhubeka nawo futhi sizoqhubeka nokusebenzela abantu bakithi noma ngabe kuza ukhetho noma akukho khetho kodwa thina sizokwenza lokhu abantu abasithume khona.

UMengameli uZuma selokhu ethathe izintambo zokuphatha izwe, phakathi kokunye akubeke phezulu eqhulwini, wukuthuthukiswa kwengqalasizinda, yingakho nje ehhovisini lakhe kunophiko olubhekene nokuthuthukiswa kwengqalasizinda (Presidential Infrastructure Co-ordinating Forum).

Ngakho nathi wonke umsebenzi esiwenzayo kumele siwubike kuMengameli ngoba uyingxenye yalolu hlelo engikhuluma ngalo olubhekelele ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, kusuka

kwezokuthutha, ezamanzi, amachweba, ukuphehlwa kukagesi nokunye.

Siyazi ukuthi uMsinga ungenye yezindawo esifundazweni okuthe uma kungena uHulumeni wentando yeningi zahlonzwa njengezidinga kakhulu izidingo-ngqangi ngenxa yezinga lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

Imiphakathi yasemakhaya, ikakhulukazi njengalapha eMsinga, ibibhekene nesimo esibucayi kwezomnotho nakuba inamathuba amahle kwezolimo, kwezokuvakasha nokunye okungamathuba ezomnotho.

Esiyaye sikuthande futhi sikubonge kakhulu njengoHulumeni emiphakathini yakithi yindlela enisibekezelela ngayo. Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba iqalwe noma iphothulwe emiphakathini yethu.

Siyakubonga kakhulu ukubambisana phakathi komphakathi wala eMsinga noHulumeni ngokuthi nikwazi ukusibekezelela lapho besingakafiki khona nezicelo zenu. Asizange sinibone ningena emgwaqweni, nishisa amathayi, nicekela phansi izakhiwo. Lokhu kusho ukuthi kukhona ukuxhumana nokwethembana phakathi kwenu noHulumeni enawuvotela.

Indlela enisingatha ngayo izindaba zentuthuko, ikhombisa ukuthi niyisibonelo ezweni lonke futhi niyakwazi ukulinda – kumele nizishayele ihlombe ngalokhu.

KoMeya, sengike ngaxoxa nabo ezikhathini eziningi ukuthi kumele kuqine ukubambisana phakathi kwethu njengoHulumeni wesifundazwe kanye nabo komasipala. Kumele iphele lento esiyibona kwezinye izindawo lapho intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Abantu kumele baqonde ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Umphakathi walapha eMsinga, ngikholwa wukuthi uzongifakazela ukuthi mkhulu umehluko osuwenziwe kule ndawo ukwakha imigwaqo namabhriji kule minyaka edlule. Imali eyisifake ezinhlelweni esizakha kule ndawo yaseMzinyathi ingu- R3.4 billion. Lokhu kudale amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-5058, kwaphinde kwahlomula osonkontileka abancane, noZibambele abangu-3 995.

Kule minyaka engu-20 edlule uMnyango wezokuThutha kulesi sifundazwe wakhe amabhriji ezimoto angu-99, kwakhiwa awabahamba ngezinyawo angu-85 kwaphinde kwafakwa itiyela imigwaqo engamakhilomitha angu-1 275.

Namhlanje-ke singumNyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natali sithe masizohlonipha nina mphakathi walapha eMsinga ngokuthi sidlulisele kunina ngokomthetho amabhriji amathathu esesiwaphothulile.

La mabhriji yiNgubevu Bridge neJolwayo Bridge womabili angaphansi kweNkosi yaBathembu, bese kuba Uzizi Bridge ngaphansi kwenkosi yaseMabomvini.

Le misebenzi isiyonke sifake kuyona imali engu-R36 million. Siyafisa futhi ukubongela nalabo abakwazile ukuhlomula ngamathuba emisebenzi ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Sihlale sikugcizelela-ke futhi ukuthi la mathuba emisebenzi esikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana kodwa ayalekelela ngokufundisa abantu bendawo amakhono abagcina sebekwazi ukuwasebenzisa uma befuna imisebenzi nakwezinye izindawo esikhathini esizayo.

Ngakho-ke nawo ayingxenye yokuthuthukisa imiphakathi ukuba ihlangabezane nezinhlelo zoguquko kwezomnotho esikhulume ngalo ekuqaleni.

Ngalokhu sisho ukuthi impilo isishintshile emiphakathini yalapha esifinyelela kalula eNgubevu Clinic nakubafundi abaya ezikoleni njengaseMakandana Primary, eMahlohloko High, eDiyiswayo Primary, umphakathi usuzokwazi nokuya ezikhungweni zezimpesheni, emarenki nakwezinye izindawo zokuthola usizo.

Ngaphandle kwale misebenzi esiyidlulisa ngokomthetho namhlanje, ikhona neminye imisebenzi eminingi okungashona ilanga uma siyibala esiyenzile kule minyaka edlule kule ngxenye yaseMsinga kuze kuyoshaya eMvoti ngaphansi koMzinyathi.

Ngaphansi kohlelo lomNyango lokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-access road kanye nokulungisa leyo esikhona siyifake kabusha inkwali sesisebenzise imali ebalelwa ku-R185.4 million kule minyaka emine edlule.

Nakulona ka-2014/2015 esizongena kuwona uma kuqala u-April sesihlele ukuthi sizofaka imali ebalelwa ku-R61 million ukwenza le misebenzi.

Emigwaqeni emisha esizoyakha singabala Okhalweni Local Road eMakhabeleni, uJikijiki, uSholweni noNtukwini yonke eseMabomvini, uVungu ngaphansi kwaBathembu nomgwaqo oya esikoleni iMbizimbelwe eNkosini yamaQamu KwaMajozi.

Uma sibheka ngokwesiFunda sonke saseMzinyathi, kunemisebenzi emikhulu, esithi ama-capital projects, eqhubekayo esesihlele ukufaka kuyona imali ebalelwa ku-R770 million kule minyaka emithathu ezayo.

Lapho singabala nje ukufakwa kwetiyela emigwaqeni u-D1271 eMabomvini, u-P368 eMachunwini, u-P373 kusuka KwaJolwayo kuya eNtababomvu, u-P17 phakathi kwe-Greytown noNgubevu, uWolwane Road phakathi kweNquthu noMsinga, uMlambomunye

River Bridge okuhambisana nomgwaqo kusuka eQhudeni kuza eMsinga neLudimbi Access Road okuhambisana nebhuloho.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba sazi ukuthi uMengameli usememezele umhlaka-07 May 2014 njengosuku lokhetho lukazwelonke nezifundazwe, sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokukhankasa.

Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho.

Umuntu owenza lokho kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Angeke futhi siyishiye ngaphandle indaba yokubambisana ekulweni nobugebengu ikakhulukazi lobu obuthinta ukwebiwa kwemfuyo kulezi zindawo zalapha eMsinga. Nizokhumbula ukuthi sike safika la eMsinga sizokhuza ngemuva kwesibhicongo sokubulawa kwabantu eMahlaba, ePomeroy naseMuden, ngakho

namanje kumqoka ukuba sikhuze ngoba izinto ezifana nalezi zisibiyisela emuva.

Ngonyaka odlule amaphoyisa acekele phansi izibhamu engu-17 000 lapha KwaZulu-Natal kuphela. Ezinye eziningi zezibhamu ezinkulu beziqhamuka khona la eMsinga, ngakho sinxusa bonke labo abanezibhamu ezingekho emthethweni ukuthi azikhishwe, zinikezwe amaphoyisa.

Kumqoka ukuba sisebenze ngokubambisana njengomphakathi, amaphoyisa, noHulumeni ukuze sibuqede ubugebengu ezindaweni esihlala kuzo.

Sengathi ningahlalisana kahle, naziwe umhlaba wonke njengesizwe nendawo enokuthula nenhlonipho – niqhubeke nibambisane noHulumeni ukuze indawo yenu ithuthuke njalo iyephambili.

**Ngiyabonga.**